IKHOMISHANI ESINGETHE IZINDABA ZEZEZIMALI, IZINDLEKO ZIKAHULUMENI NEMALI EQOQWA KWINTELA

IMANUW
ALI

UMthetho Okhuthaza Ukufinyeleleka Olwazini, uMthetho wesi-2 wonyaka we-2000 (njengoba uchitshiyelwe) [Isigaba se-14]

IKhomishana Esingethe Ezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nokuqoqwa Kwentela
Montrose Place (2nd Floor), Bekker Street, Waterfall Park, Vorna Valley,
Midrand,
Private Bag X69, Halfway House
1685 www.ffc.co.za
Ucingo: +27 11 207 2300
IfeksiFax: +27 11 207 2345

Ukwenzela Ukwabelana Ngokulinganayo Imali Eqoqwe Kuzwelonke

Ibuyekezwe ngoMhla zi: 08 Januwali 2014

Okuqukethwe

Isahluko		Ikhasi
1.	Isingeniso	3
2.	Imisebenzi ye-FFC	3
3.	Izinsizo	4
4.	Isakhiwo	5
4.1	Ihhovisi lobubhalani	7
5.	UMgcini-lwazi kanye Nosekela-mgcini-lwazi	8
5.1	UMhlahlandlela Wesigaba se-10 – i-SAHRC	8
6.	Imikhakha yemibhalo	8
6.1		
7.	Imibhalo etholakala ngokuzenzakalelayo	11
8.	Imibhalo egcinwe ngokweminye imithetho	13
9.	Ukuthola kanjani ukufinyeleleka embhalweni	13
10.	Amathuba amalunga omphakathi okubamba iqhaza ekwakhiweni kwezinqubomgomo noma ekusetshenzisweni kwamandla/imisebenzi ye-FFC	15
11.	Izixazululo ezikhona ngokwenza noma ngokwehluleka ukwenza Kwe-FFC	15
12.	Ukutholakala koManuwali	16
13.	Amafomu okufaka isicelo e-FFC kwe-PAIA	16

1. Isingeniso

IKhomishana Esingethe Ezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nokuqoqwa Kwentela (i-FFC) yisikhungo esizimele, esingachemile futhi esisungulwe ngaphansi kwezimiso zomthethosisekelo. Lena yiKhomishani emile njalo yongoti enesakhiwo esichazwe kumthethosisekelo, esethi lemisebenzi jikelele kanye nezinqubo zenhlangano.

Le Khomishani inesibophezelo sokweluleka nokwenza izincomo kuPhalamende, kuzishayamthetho zezifundazwe, kohulumeni basekhaya nakwezinye izinhlaka zoMbuso ngemidanti yezezimali izindleko zikaHulumeni kanye nokuqoqwa kwentela. Indima enkulu yeKhomishani wukuqinisekisa nokugcina ngendlela efanele, eqotho, elinganayo neyohlala imile uhlelo lobudlelwano phakathi kwezinhlaka zikahulumeni ezithinta izindleko nokuqoqwa kwentela kaHulumeni lapha eNingizimu Afrika.

2. Imisebenzi ye-FFC [Isigaba se-14.1(a)]

QAPHELA: Ukwenzela izinhloso zale Manuwali, i Khomishana Esingethe Ezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nokuqoqwa Kwentela **izokwaziwa ngokuthi "iKhomishani" noma "i-FFC".**

Imisebenzi, isakhiwo kanye nezinhloso ze-FFC zibalulwe futhi zachazwa ngokucacile kuMthethosisekelo, futhi ngokunjalo yaqondiswa nguMthetho WeKhomishana Esingethe Ezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nokuqoqwa Kwentela wama-99 wonyaka we-1997, (njengoba uchitshiyelwe).

Isigaba sama-220 soMthethosisekelo sichaza izinhloso ezinqala ze-FFC njengoba zilandela:

- Ukwenza izincomo ngemidanti yezezimali, izindleko zikahulumeni nokuqoqwa kwentela, njengoba kulindelekile kuMthethosisekelo, futhi ikakhulukazi kwiSiQephu se13, noma emthethweni kaZwelonke oqondiswe ePhalamende, kuziShayamthetho Zezifundazwe nakwezinye iziphathimandla eezinqunywe wumthetho kazwelonke;

- Ukugcina izinga lokuzimela nokungachemi kwe-FFC: Ukwengeza, -iSigaba sesi-3 soMthetho weKhomishana Esingethe Ezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nokuqoqwa Kwentela sihlinzekela i-FFC;

- Ukusebenza njengeziko lokubonisana nokweluleka ngemidanti yezezimali, izindleko zikahulumeni nokuqoqwa kwentela kuzinhlaka zikahulumeni;

- Ukwenza imisebenzi njengoba kudingwa wuMthethosisekelo noma umthetho kazwelonke;

- Ukudlala indima ngokwayo noma ngesicelo sohlaka lukahulumeni;

- Ukuqinisekisa ukuthi i-FFC isebenza ngendlela efanele futhi eyimpumelelo;

- Ukwenza ucwaningo nokushicilela imibiko.

Okokugcina, **iSigaba 26** soMthetho weKhomishana Esingethe Ezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nokuqoqwa Kwentela sihlinzekela i-FFC:

- Ukuba ibikele njalo ngonyaka izindlu zombili zePhalamende, isishayamthetho ngasinye sesifundazwe nohulumeni basekhaya, ngemisebenzi yeKhomishani ekupheleni konyakazimali ngamunye.

3. Izinsizo

Izinsizo ezivela kumisebenzi ebalulekile ye-FFC inqunywa imibandela yomthetho ethile yoMthethosisekelo, soMthetho weKhomishana Esingethe Ezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nokuqoqwa Kwentela, uMthetho Wezezimali Kuzinhlaka ZikaHulumeni kanye nakweminye. Incazelo yokugunyazwa kweKhomishani iyatholakala ekhelini elilandelayo: http://www.ffc.co.za/index.php/mandate

Ngokwemibandela yomthetho, izihlosonqangi eziqavile zonyaka ze-FFC yilezi ezilandelayo:

- Ukwakha nokwethula izincomo zokwaba ngokulinganayo imali eqoqwe kuzwelonke icazelwa zontathu izinhlaka zikahulumeni;

- Ukwakha nokwethula izincomo okuhambisana nokugunyazwa komthethosisekelo okuthile, umthetho ofanele kazwelonke kanye noMthetho we-FFC mayelana nemigomo namazinga okwaba izimali kanye nendlela yokusetshenziswa kwamalungiselelo ahlukene okwaba izimali ezinhlakeni zikahulumeni ezahlukene;

- Ukukhiqiza nokusabalalisela kuzo zonke izishayamthetho imibiko ehlukene, kumbandakanya izitatimende ezicwaningiwe zezimali njalo ngonyaka;
- Ukuphatha nokugcina i-FFC isebenza ngendlela efanele; kanjalo,
- Nokwenza ucwaningo olufanele nokuzihlola ukuthi ikhomishani igcina ulwazi olufanele ukuze ikwazi ukwethula izeluleko ngemidantiyezezimali, izindleko zikahulumeni nentela eqoqwayo.

Izicelo ezahlukene ezivela ezinhlakeni zombuso ezahlukene ziyaphendulwa ngenkathi zifika.

Imiphumela yamaphrojekhthi ocwaningo imbandakanya izincomo ezinika ulwazi umbhalo weZethulo Zokwabiwa Kwezimali, kanye nombiko ozimele wokusebenza, izethulo zenqubomgomo, imibhalo efundisayo eshicilelwa kumajenali, kanye neziphu zokuba nendima ezivela emibhalweni eshicilelwe. Yonke le misebenzi isatshalaliswa ngendlela ebhaliwe futhi ngokudlula kuwebhusayithi yeKhomishani.

4. Isakhiwo seFFC



Fig. 1: Isakhiwo

(Umsuka: http://www.ffc.co.za/index.php/commission-structure)

Umsuka weSakhiwo seKhomishani:

Isakhiwo se-FCC sibe noguquko kusukela ekusungulweni kwayo ngonyaka we- 1994. Ngokuhambisana nezidingo zasekuqaleni zomthethosisekelo, kuye kwadingeka ukuba uMongameli aqokele ku-FFC oKhomishani abangama-22..

Labo Khomishani banjengoba kulandela:

- Usihlalo kanye nePhini lakhe abangahle babe amalungu asebenza ngokugcwele;
- Abantu abayisishagalolunye abaphakanyiswe yimikhandlu yokuphatha esifundazweni ngasinye;
- Abantu ababili abaphakanyiswe yiNhlangano Yohulumeni basekhaya BaseNingizimu Africa (i-SALGA) njengenhlangano emele ohulumeni basekhaya

kanye;
- Nabanye futhi abantu abayisishagalolunye.

Isimo sihlale ngaphandle kokushintsha kwaze kwaphela unyaka we-2002. Ngemuva kwalokho, ngokulandela ukuchibiyelwaokusha komthethosisekelo, isamba sokhomishani sehliswa safinyelela kwisishagalolunye (9). ***[Isigatshana soku-(1) siguqulwa yisigaba sesi-2 soMthetho Wokuchitshiyelwa Komthethosisekelo Kwesihlanu wonyaka we-1999 futhi kwafakwa esikhundleni saso isigaba sesi-7 soMthetho Wokuchitshiyelwa Komthethosisekelo Kwesikhombisa wonyaka we-2001 kusukela mhla zi-01-12-2003].*** Ngok***oMthetho Wokuchitshiyelwa Komthethosisekelo Kwesibili***, isakhiwo samanje seKhomishani sinjengoba silandela:

- Usihlalo nephini likasihlalo;
- Abantu abathathu abaqokwe ngemuva kokubonisana noNdunankulu beziFundazwe, bethathwa ohlwini olubunjwe ngenqubo ebekwe wumthetho kazwelonke;
- Abantu ababili abaqokwe ngokubonisana nenhlangano engamele ohulumeni basekhaya, bethathwa ohlwini olubunjwe ngenqubo ebekwe wumthetho kazwelonke; kanye;
- Nabanye abantu ababili.

Kusukela mhla zi-31 Ncwaba 2011, oBambele uSihlalo nguyena ohola iKhomishani futhi ukwaziswa kokhomishani abasha abaphakanyisiwe/abaqokiwe kanye noSihlalo kulendelekile.

4.1 Ihhovisi lobuBhalani

Ihhovisi lobuBhalani leKhomishani yisikhungo esikhona ngokuphelele, elakhiwe eMidrand eGauteng. Lesi sikhungo sihlinzeka ngocwaningo, ukuhlaziya nosizo lokuphatha ihhovisi leKhomishani, ngenkathi ngakolunye uhlangothi, lineHhovisi lezokuXhumana ePhalamende eliseKapa. Ihhovisi laseKapa lisebenza ukugcina ubudlelwane nabanotho kanye nokuxhumana nePhalamende. Ihhovisi lobuBhalani liqhuba imisebenzi yalo ngaphansi kweso nokulawulwa nguSihlalo/u-CE (njengamanje uMphathi Oyibamba njengamanje). Ihhovisi lobuBhalani lakhiwe izikhundla zokuphatha ezilandelayo:

- UNobhala Wekhomishani – ukuxhumanisa ikhomishani nokulawula ulwazi lwesikhungo;
- UMgcini-mafa – Ukusingathwa kwezimali;
- Umqondisi: IziNhlelo Zocwaningo Nezincomo – Ukuphatha jikelele

amaphrojekhthi /izinhlelo zocwaningo, ukwakha amasu kanye nezinqubomgomo

- Abaphathi bezinhlelo ezingosini zocwaningo ezilandelayo:
  - Izingosi zikaZwelonke Nezifundazwe Zesabelozimali;
  - Ingosi yeNqubomgomo Yezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nentela Eqoqwayo;
  - Ingosi yoBudlelwano Phakathi Kwezinhlaka Zikahulumeni Maqondana Nezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nentela Eqoqwayo;
  - Ingosi yoHulumeni Basekhaya;
  - Ingosi yezokuGcinwa Kolwazi Nemininingwane;
  - Ingosi yezoMnotho Nezimali ZoMphakathi;
- UMphathi Wezokuphatha – Ukulawulwa Kwezabasebenzi, izinsiza kanye nokuqhutshwa komsebenzi ngaphakathi esakhiweni.
-

5. ABagcini-Lwazi – Imininingwane yokuxhumana [Isigaba se-14.1 (b)]

uMgcinilwazi Omkhulu
Usihlalo
Ikheli Lokuposa:
Private Bag X69,
Halfway House 1685
Tel: +27 11 207 2300
Fax: +27 11 207 2345

iPhini loMgcinilwazi
Unobhala weKhomishani

Private Bag X69,
Halfway House 1685
Ucingo: +27 11 207 2300
Ifeksi: +27 11 207 2345

Ikheli Lendawo:
2nd Floor, Montrose Place,
Waterfall Park,
Bekker Street,
Midrand, South Africa

Imininingwane yokuxhumana
M K Mzaidume,
Private Bag X 69
Halfway House 1685
Ucingo: +27 (0) 86 1315 710

Iwebhusayithi: www.ffc.co.za

E-Mail: info@ffc.co.za – mzaidume@ffc.co.za

Enye indlela yokuxhumana:

Umlawuli-mtapo woLwazi
library@ffc.co.za
Ifeksi: +27 (0)11 207-2344

Ucingo: +27 (0)11 207 2335

5.1 Isigaba se-10 soMhlahlandlela wokusebenzisa i-PAIA [Isigaba se-14.1 (c)]

Isigaba se-10 se-PAIA sihlinzeka ngokuthi iKhomishani YamaLungelo Esintu yaseNingizimu Afrika kufanele yenze imihlahlandlela esobala nelula yokusebenzisa uMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleleka Kolwazi.Lo mhlahlandlela usuyatholakala ekhelini elilandelayo:
http://www.sahrc.org.za/home/21/files/Reports/PAIA%20GUIDE%20english.pdf

Kokunye, imibuzo ephathelene nale manuwali ingayedluliselwa ekhelini elingezansi:

The Research and Documentation Department,
South African Human Rights Commission,
PAIA Unit

Head Office
Braampark Forum 3,
33 Hoofd Street,
Braamfontein.

Ucingo: 011 877 3600

Iwebhusayithi: **www.sahrc.org.za**
I-imeyili: **PAIA@sahrc.org.za** **noma** **info@sahrc.org.za**

6. Imikhakha yeMibhalo [Isigaba se-14.1(d)]

Imibhalo ye-FFC iphathelene nemisebenzi yenhlangano kuwo onke amazinga: lKhomishani noKhomishana, uHlelo Locwaningo Nezincomo kanjalo nemisebenzi yokweseka iHhovisi Lobubhalani. Le mibhalo ingaba imibhalo eshicilelwe, imibhalo ewumlando noma yomthetho, futhi/noma amapheshana alahlwa ngemuva kwesikhathi esithile. Lesi sigaba soMthetho sidinga *"... imininingwane eyanele ukuze kusetshenzwe isicelo sokufinyeleleka olwazini lwesigungu, incazelo ngezihloko zemibhalo isigungu esigcine imibhalo ngazo kanye nemikhakha yemibhalo egciniwe ngalezi zihloko ..."*

Imibhalo namarekhodi akamuva nje e-FFC atholakala kwiwebhusayithi ethi: http://www.ffc.co.za. Imibhalo emidala kungenzeka ukuthi igcinwe endaweni yokulondoloza imibhalo noma ingatholakali ngohlobo olubhalekile. Izingxenye ezithintekayo ezidinga imibhalo zingafaka isicelo sokuthola ikopi eyiphepha noma ifothokopi njengoba kukhonjisiwe eMthethweni **[Isigaba se-15(3)].** Ngaphandle kwalokho, ikhona eminye imikhakha yemibhalo etholakala ngokufaka isicelo ngaphansi koMthetho.

Imibhalo emisha eshicilelwe ifakwe ohlwini ngokuhambisana neSigaba se-15(2) soMthetho futhi izofakwa kwiwebhusayithi ye-FFC ngemuva kokushicilelwa

ngokusemthethweni.

6.1 Izigaba ezibanzi zemibhalo egcinwe yiFFC

Imikhakha Yemibhalo	Uhlobo lombhalo
A. Imibhalo eshicilelwe	**Imibhalo Eqavile:** • IzeThulo Zonyaka Zophiko Lwezezimali (ukuphendula ku-DoR) • Izethulo zokuCazwa kweZimali (impendulo eqondene ne DoR) • Ezinye izethulo ngezikhathi ezithile , (ngomthethosivivinywa omusha kanye nomthetho ohlongozwayo, Inkulumo Yesabelomali Sesikhathi Esimaphakathi (i-MTBPS) njalo njalo) • Umbiko wemisebenzi: (i-FY) IzeThulo Zonyaka Zophiko Lwezezimali (i-DoR) **Imibhalo eshicilelwe ngenhloso yolwazi**: • Umbiko wonyaka • Imibiko yabezindaba • Izethulo **IOkushicilelwe okumayelana nocwango lwe-FFC ngaphandle kokunye okushicilelwe:** • **Imiphumela yocwaningo:** Imibiko yokusebenza, ama-athikili amajenali abukezwe yiningi, , iziqephu zezincwadi, njll. • Indatshana ethinta isihloko esithile • Inkulumo ethulwa eNgqungqutheleni • Okushicilelwe ku-inthanethi • Amamanuwali enqubo yokusebenza • Inqubomgomo yocwaningo • Isu locwaningo
B. Imibhalo yomlando nomthetho	**Imibhalo yenqubomgomo:** • Inqubomgomo nezinqubo • Amashadi enhlangano **Amarekhodi aqukethe izinguquko ze-FFC (okungokokuzikhumbuza kwenhlangano)** • Amaminithi emihlangano yeKhomishani neyamaKomidi Ekhomishani: ama-ajenda, amaminithi nezixhumelo • Izinhlelo zebhizinisi zonyaka nezinkomba zeminyaka emithathu ezayo • Eminye imibhalo eqondene nemvelaphi, isakhiwo kanye nezinto ezenzeka enhlanganweni noma kumagatsha ayo.

	Amarekhodi omlando: • Imibhalo edlule eshicilelwe yi-FFC • Imiphumela edlule yocwaningo • Imibiko eyimfihlo yabanotho kanye nezethuloImibhalo eyimfihlo yokwenziwa yo ngaphakathi **Imibhalo enobufakazi:** • Izivumelwane, izinkontileka, izivumelwane zokusebenzisana • Imibhalo eqondene nokuvikelwa kwamafa enhlangano (ulwazi)
C. Imibhalo engamapheshana	**Imibhalo yokwazisa engamapheshana iyolawula yisheduli echaza ngokulahlwa kwayo:** • **Imibhalo yokuphatha/inqubo yokusebenza**, isib. izindlela zokuqhuba imisebenzi evamile yasehhovisi • **Imibhalo yangaphakathi**, isib. ukubhekana nezinsiza (isib. indawo yokubeka noma ukuhlala, izinsizakusebenza) • **Imibalo yezezimali neyokugcina amabhuku,** kumbandakanya izitatimende, ama-invoysi, njll. • **Imibhalo eqondene nezabasebenzi:** Izinqubomgomo, izinkambiso, imibhalo yabasebenzi, imibhalo yesikhwama sempesheni nemibhalo equkethe umlando wempilo yabasebenzi • **Imibhalo yokuphatha ngaphandle kwemibhalo yabasebenzi**, kumbandakanya kumbandakanya amasekhula, amamemorandamu amayelana nezinqumo zokuphatha kanye nemiyalelo yenqubomgomo.
Isigaba A	**Ukutholakala kwayo: Umbiko wakamuva utholakala mahhala kuleli kheli: http://www.ffc.co.za/ - Imibiko engaphambili itholakala ngokufaka isicelo**
Izigaba B no C	**Ngokufaka isicelo esisemthethweni ngaphansi kwwe-PAIA**

7. Imibhalo etholwa ngumphakathi nabasebenzi ngokuzenzakalelayo noma kubasebenzi kuphela

Imibhalo elandelayo itholakala ngokuzenzakalelayo kubo bonke abasebenzi futhi asikho isidingo sokuthi icelwe ngokulandela inqubo echazwe kuMthetho **[Isahlukose-3, Indima ye-10]:**

- Imibiko yolwazi lwesisebenzi lutholwa yilowo ofanele (hhayi umuntu wesithathu)
- Imibhalo yesithangami sokuqondiswa izigwegwe nezindaba ezihlobene zitholwa kuphela yileso sisebenzi esifanele.
- Imibhalo yenqubomgomo nenqubo itholwa yibo bonke abasebenzi.

Imibhalo elandelayo itholwa ngumphakathi nabo bonke nabasebenzi ngokuzenzakalelayo, futhi asikho isidingo sokuthi icelwe ngokulandela inqubo echazwe eMthethweni **[Isahluko sesi-3, Indima. ye-10]:**

- UMthetho we-FFC [Umthetho wama-99 wonyaka we-1997 (njengoba uchitshiyelwe)]
- Isu le-FFC lokubhekela ukulingana emsebenzini
- Isu le-FFC lokuthuthukisa amakhono

Imibhalo etholakala ngokuzenzakalela **[Isigaba se-14.1(e)]** ihlala ivuselelwa njalo ngonyaka ngenhloso yokukhiqiza umbiko wonyaka **[Isigaba se-15(2)]** sidingida imiphumela yakamuva okufanele yethulwe eMnyangweni Wezobulungiswa. Umbiko wakamuva ubhalwe ngendlela esathebula efuze leyo engezansi ngenhloso yokwenza kube lula ukuyenza iqukathe ulwazi olusha. Lombiko uyoshicilelwa kwiwebhusayithi yeFFC njengombiko ohamba wodwa kusukela ngo 2012.

IKHOMISHANI YEZEZIMALI, IZINDLEKO ZIKAHULUMENI NENTELA EQOQIWE **Isigaba se-15 (2) INcazelo Yemibhalo etholakala kwi-FFC**			
IFOMU D			
IMIBHALO ETHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO NOKUFINYELELEKA KULE MIBHALO **[IFomu D lengezwe yiSaziso Sikahulumeni -iGN R466 yo mhla zi-1 Nhlangulana 2007.]** **(Isigaba sesi-15 soMthetho Okhuthaza Ukufinyelelka Kolwazi wonyaka we-2000** **(uMthetho wesi-2 we-2000)** **[Isimiso sesi-o 5A]**			
(a)	**INCAZELO YEMIKHAKHA YAMAREKHODI ETHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO NGOKWESIGABA se-15(1)A SOMTHETHO OKHUTHAZA UKUFINYELELEKA OLWAZINI wonyaka we-2000**	**INDLELA YOKUFINYELELA EMIBHALWENI (isibonelo, iwebhusayithi) (Isigaba 15 (1) (b))**	**Imibhalo yakamuva / imiqulu**

UKUHLOLA NGAPHANSI KWESIGABA SE-15 (1)(a)(i) (Umthetho ohlukile kunoMthetho wePAIA)			
1	Umbiko wonyaka Izethulo ngenhloso	Ikhophi / Webusayithi	2010/11
2	yokwaHlukaniswa Kwezimali Umbiko	Ikhophi /Webusayithi	2012/13
3	Wmisebenzi Izimpendulo zeKhomishani	Ikhophi / Webusayithi	2012/13
4	eziqondene noMthethosivivinywa wokwaHlukaniswa kweZimali	Webusayithi	2011/12
5	Ezinye iZethulo	Webusayithi	2011
6	Ulwazi oluvamile oluqondene ne-FFC	Webusayithi	2011/12
7	Ukwazisana ngenqubomgomo	Webusayithi	2011
MAQONDANA NOKUTHENGA NGAPHANSI KWESIGABA SE-15(1)(a)(ii)			
1	Awukho	Izimali ezikhokhwayo yilezo zezindleko zokwenza amakhophi kuphela, uma zinqunywe inqubomgomo.	
UKWENZA AMAKHOPHI NGOKULANDISA KWESIGABA 15(1)(a)(ii)			
1	Imibiko yonyaka	Ukwenza amakhophi	1996-2007
2	Izethulo zokwaHlukaniswa Kwezimali	Ukwenza amakhophi	1996-2007
ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUKHOKHA NGOKULANDISA KWESIGABA 15(1)(a)(iii)			
1	Imibiko yonyaka Izethulo zoMthethosivivinywa Wokwahlukaniswa Kwezimali	Ikhophi / Webusayithi	2010/11
2	Imibiko yoNgoti	Ikhophi/ Webusayithi	2012/13
3	Izimpendulo zeKhomishani ngoMthethosivivinywa Wokwahlukaniswa Kwezimali Ezinye	Ikhophi/Webusayithi	2012/13
4	iZethulo Ulwazi oluvamile oluqondene	Webusayithi	2011/12
5	ne-FFC	Webusayithi	2011/12
6	Ukwazisana ngeNqubomgomo	Webusayithi	2011/12
7		Webusayithi	2011

Lokhu kungandiswa kwenabele kokunye okushicilelwe kanye naselwazini olusha oluphothulwe ngokuhlanganyela nabalingani nabaxhasi. Imibiko ehlanganyelwe yethulwa kwiwebusayithi ye-FFC ekushicilelelweni, isib.

- Ukushicilelwe kwe-FFC okususelwa ocwaningeni
- Okunye Okushicilelwe okwenziwe ngaphansi kwezivumelwane zokubambisana.

8. Imibhalo egcinwe ngokulandisa komthetho

I-FFC inesibophezelo sokugcina onke amarekhodi ngokomthetho okhombisa ukugunyazwa kwayo kanye nezichibiyelo zakhona.

Imithetho emayelana nokugunyazwa kwe-FFC iyatholakala

kwiwebusayithi ye-FFC ethi : **http://www.ffc.co.za/index.php/mandate** kanye nakulena ethi: nakwi **http://www.ffc.co.za/index.php/legislation** Okuyikona kona kumbandakanya:

- uMthethosisekelo WaseRiphabhlikhi YaseNingizimu Africa we-108 wonyaka we-1996 njengoba uchitshiyelwe;
- uMthetho Olawula Ubudlelwane BoHulumeni mayelana neZimali, Izindleko neNtela kaHulumeni No. 97 ka 1997 njengaba uchitshiyelwe;
- uMthetho weKhomishana Esingethe Ezezimali, Izindleko Zikahulumeni Nokuqoqwa Kwentela wama-99 wonyaka we-1997 njengoba uchitshiyelwe;
- uMthetho Wokuchibiyelwa Kwezingubo Zomthethosivivinywa Wemali Nokunye Okuhlobene Nakho wesi-9 wonyaka we-2009;
- uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala wama-32 wonyaka we- 2000, njengoba uchitshiyelwe;
- uMthetho Olawula Inqubo Yezentela Esifundazweni wama-53 wonyaka we-2001 , njengoba uchitshiyelwe;
- uMthetho Wokusingathwa Kwezimali Zomasipala wama-56 wonyaka we-2003, njengoba uchitshiyelwe;
- uMthetho Wobudlelwano Phakathi Kohulumeni we-13 wonyaka we- 2005, njengoba uchitshiyelwe;
- uMthetho Wamandla Ezindleko Nokuqoqwa Kwentela Komasipala we-12 wanyaka we-2007.
- uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi woku-1 wonyaka we-1999, njengoba uchitshiyelwe

9. Sifakwa kanjani isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi: izinkambiso [Isigaba se-14.1(f)]

Isinyathelo	Ubani	Isenzo	Izinsiza ezidingekayo
1.	Ofaka isicelo	Xhumana nephini lomgcini wolwazi (i-DIO) (imininingwane yokuxhumana eNdimeni yesi-5)	Ifomu leSicelo
2.	Ofaka isicelo	Gcwalisa ifomu ngokugcwele ukuze i-DIO ikwazi ukuphawula	Bhala okokuphawula Umazisi womfakisicelo

		amarekhodi aceliwe futhi iphawule nofake isicelo	
3.	**Ofaka isicelo**	**Chaza ukuthi ulidinga ngaluphi uhlobo**	**Ufuna ukuzifinyelela kulo mathupha Ngesikhahlameзi Noma nge-email**
4.	**Ofaka isicelo**	**Chaza ukuthi ufuna umbhalo ngaluphi ulimi (Uma kwenzeka umbhalo utholakala ngolunye ulimi ngaphandle kwesiNgisi)**	**IsiNgisi noma olunye ulimi**
5.	**Ofaka isicelo**	**Hlinzeka ngekheli leposi noma inombolo yefekisi**	**Ikheli leposi noma inombolo yefekisi**
6.	**Ofaka isicelo**	**Khombisa olunye uhlobo lokwaziswa uma lufanele futhi uhlinzeke ngemininingwane ephelele ookungaxhunywana ngayo nawe(isibonelo. email)**	**Ikheli elisemthethweni le-email**
7.	**Ofaka isicelo**	**Uma isicelo sifakwe egameni lomunye umuntu, kufanele uhlinzeke ngobufakazi begunya noma ubufakazi belungelo lokwenzela omunye umuntu ngendlela eyokwanelisa i-DIO**	**Incwadi yegunya**
8.	**Ofaka isicelo**	**Thumela ifomu egcwaliswe ngokuphelele ku-DIO**	**iFomu A eligcwalisiwe**
9	**Ofaka isicelo**	**Hambisa imali enqunyiwe engama-R35 ihambisana nesicelo ngaphandle komuntu ofuna ukufinyeleleka embhalweni wakhe uqobo**	**Ama-R 35.00 noma ama-R 0.00 uma ofaka isicelo ehola imali engaphansi kwezinkulungwane ezingamaR 14 712**

			ngonyaka.
10.	**I-DIO**	**Isicelo siyacutshungulwa bese ofake isicelo eyaziswa uma kunemali engeziwe edingekayo**	**I-DIO ibamba iqhaza ekucubunguleni isicelo**
11.	**UMthetho we-PAIA**	**Ukubekwa kwezimo lapho i-DIO kufanele yeluleke khona umuntu wesithathu ngesicelo esifakiwe nesithinta ulwazi oluqondene naye**	**I-DIO yeluleka umuntu wesithathu othintekayo ngolwazi olufunwayo**
12.	**I-DIO**	**Ukubuyekeza kwesicelo nokunquma ukuthi singemukelwa noma sichithwe isicelo singakapheli isikhathi esimiswe ngaphansi koMthetho we-PAIA. Kukhona izicelo ezichithwa ngezizathu ezibekwe eMthethweni.**	**Uhlelo lokubuyekeza oluqhutshwa yi-DIO nesinqumo sokwemukela isicelo**
13.	**I-DIO**	**Uma isicelo simukelwa, ulwazi oluceliwe lwethulwa ngokoMthetho (zingakapheli izinsuku ezingama-30)**	**Ulwazi**
14.	**I-DIO**	**Uma sichithiwe isicelo, i-DIO iyokwazisa ofake isicelo ngokubhaliwe yethule izizathu zokuthi kungani kunqatshiwe ukufinyeleleka kwirekhodi**	**Isaziso esibhaliwe esinezizathu zokuchitha kwesicelo**
15.	**Ofake isicelo**	**Uma sichithiwe isicelo, lowo osifakile engadlulisa isikhalo enkantolo yomthetho**	**uFomu B ogcwalisiwe uma ingatholakali impendulo ngemuva kwezinsuku ezingama-30 nokufaka**

			isicelo sokubuyekezwa kabusha kwesicelo esichithiwe
16.	**Ofake isicelo**	**Ukufaka isicelo somlomo uma umuntu othintekayo engafundile**	**I-DIO igcwalisa ifomu**

10. Amathuba okuthi amalungu omphakathi abambe iqhaza ekwakhiqwni kwenqubomgomo noma ukusetshenziswa kwamandla/ekwenzeni imisebenzi ye-FFC [S.14.1(g)]

I-FFC isebenzela abanotho abaningi abehlukene ngaphansi kokugunyazwa kwayo wumthethosisekelo. I-FFC inamathimba abanaotho abaneqhaza elibonakalayo, oningi labo liyingxenye yephalamende, izikhungo zikahulumeni ezingeni likazwelonke, lezifundazwe nelohulumeni basekhaya. Ngakho, lingamenywa ukuzobamba iqhaza emisebenzini ye-FFC noma ukuba libe negalelo emsebenzini we-FFC njengabameli bomphakathi. Ngakolunye uhlangothi, nanoma iliphi ilungu lomphakathi lingaya kwi-DIO ngenhloso yokweluleka, uzwakalisa umbono ngokuba nothando noma ukudlulisa umbono.

14. **11. Izixazululo ezikhona ngokwenza noma ngokwehluleka ukwenza kwe-FFC [Isigaba se-14.1 (h)]**

Imigudu yokuxhumana ehlinzekiwe emalungeni omphakathi noma kwabanotho mayelana nokwenza noma ukungenzi engxenyeni ye-FFC, ilandelana kanjena:

-I-DIO ye-FFC uMnu M. K. Mzaidume
(Unobhala weKhomishani)

-Ibamba-Sihlalo/u-CE we-FFC uMnu B. Khumalo
-Usihlalo wasePhalamende we-NCOP
-Usomlomo wePhalamende Kuzwelonke

12. Ukutholakala kwemanuwali [Isigaba se-14 (3)]

Le manuwali itholakala ngesiNgisi, isiBhunu kanye nesiZulu.

13. Amafomu e-FFC okufaka isicelo ngaphansi kwe-PAIA afakwe njengeZixhumelo:

Izimiso ze-PAIA: IsiXhumelo A: Izindleko

Izimiso ze -PAIA: IsiXhumelo B. Ifomu A: Isicelo sokufinyeleleka kurekhodi lesikhungo somphakathi.

Izimiso ze e-PAIA : IsiXhumelo B. Ifomu B: Isaziso sokwedlulisa ukukhalaza kwangaphakathi.